Enjoy Crossbow the cleanest beans you can buy

Crossbow's clean beans are plump, healthy and delicious.



Now you don't have to rinse or strain before you cook.

Because Crossbow Beans are already cleaned – three times! – before you buy them. And they're full of nutritious vitamins and proteins. All you do is pour them, straight from the packet into the pot and they're ready to cook.

And because there's no dirt to mess up your cooking, Crossbow Beans always cook beautifully. It's the quickest way to healthy satisfying, economical meals. At your nearest supermarket right now.

New Crossbow Beans come up beautifully every meal!

CROSSBOW Beans.

Trade Enquiries: Crossbow Industries (Pty) Ltd • P.O. Box 12365, Jacobs, Natal 4026 Phone 45-1871, Durban

APOSTOLIC UNITED CHURCH

NGAZISA onke amaba ndla e-Apostolic Unitel Church eliphethwe umongameli uMfundisi P. Dlamini.

IKHAMBI ULIBONA ENINGINI

EBELLVILLE.— Umholi obambile weLabour Party uMnuz. David Curry, ngesonto eledlule ukhiphe isexwayiso esiqinile wathi iSouth Africa ayisobe ibenokuthula kuze kufike isikhathi lapho aboMdabu bayoba sePhalamende futhi babuse ePitoli.

Ekhuluma eMkhandlwini omele amaKhaladi eBellville, eCape Town, uMnuz. Curry uthe onke amalunga oMkhandlu kufanele awesekele umgomo weLabour Party wokuthi bonke abantu baseSouth Africa kufanele babenelungelo ekushayweni kwemithetho ebusa izwe wathi lokhu kungenzeka kalula uma kungase kubizwe imbizo yabaholi bezinhlanga zonke ukuze bahlahle indlela.

UMnuz. Curry uthe kulula ukuba abantu baseSouth Africa bazikhethele bona. Uthe noma kukhona abangakhetha ukuzihlanganisa nabaMhlophe kodwa iqiniso elaziwayo ukuthi ngaboMdabu abaningi. Uthe: "Uma kutholakala ikhambi labo kuyobe kuxazululeke eyethu inkinga. Uma beseyiziboshwa nathi siyiziboshwa."

IZIMEMEZELO ZEMHLANGANO

dla ohlala kwa F.550 KwaMashu ukuthi umhlangano kaSeptember isivuno uyohlanganela emzini kamongameli Kwa Mashu kwa-F.550 ngomhlaka September 23.

Niyacelwa nonke ngoba kobe kubusiswa abantwana, nithole namathikithi amasha nezitifiketi ezintsha zabafundisi, abavangeli, abashumayeli nabathandazi.

Nginilindele ngakho konke enikudingayo okuqondene nebandla, kuloba uBenedict Visagie, unobhala.

★ ★ ★

KWAMASHU. — Abazali bonke bezingane ezifunda eThandukwazi Lower Primary School, Kwa Mashu bayamenywa ukuba baphelele ngothi lwabo emhlanganweni ozokuba sehholo lesikole ngomhlaka-October 1 oyoqala ngo 8 ekuseni.

URev. B.W. Mbambo usihlalo wekomidi lesikole uthe wazisa abazali ukuthi kulomhlangano kuyoxoxwa ngezihloko ezibalulekile kakhulu.

Ezinye zezihloko eziyocutshungulwa kulomhlangano yinqubo okuzoqhutshwa ngayo ngonyaka ozayo yikhona kuyobakhona ukuxhumana phakathi kwabo abazali, othisha kanye naboMnyango weMfundo.

★ ★ ★

ENSINGWENI.— UMnuz. K. G. Shangase unobhala wokusakaza izindaba zeNkatha zeziko laKwaShangase Tribal Authority ngaphansi kukaChief Simangenduku Shangase ukuthi ngomhlaka October 1 kuyobe kunomhlangano weNkatha enkantolo yesizwe eNsingweni oyoqala ngo 10 ekuseni.

Kulomhlangano kumenywa nomame besigodi ngoba kuyobe kukhona izithunywa zabo eziyobe ziphuma emahhovisi eNkatha oLundi ukuzokwenza amalungiselelo okusungulwa kweziko labo omame.

Umphakathi uyacelwa ukuba ugcine isikhathi.

★ ★ ★

EMLAZI. — UProfessor Dr. A. M. Nzimande ofundisa e-University Of Zululand, Ongoye uzokuba yisikhulumi esiqavile emcimbini waseMenzi High School, eMlazi wokugubha unyaka wesishiyagalombili lesikole sasungulwa ozokuba ngomhla kaSeptember 30 kusukela ngo 12 emini khona ehholo lesikole.

Kuwona lomcimbi futhi kuyohlonishwa izithudeni ezithize ngekhono lazo ezifundweni ezibalulekile ezifundwa kulesikole. Kunokunye okwahlukahlukene okuqoqamisa ubuntu baleso nales sitshudeni eziyohlonishwa ngako.

Kulomcimbi okumenywe kuwona abazali bonke bezitshudeni zalesikole kanye nezitatanyiswa ezivela ezindaweni ezahlukene — eziMhlophe neziNsundu — uMnuz. Moses E. Masondo uthishanhloko wesikole unxuse ukuba wonke oyobe elapho agqoke ngendlela ehloniphekile, amajazi eziqu.

Egameni lesikole sonke kulesimemo uMnuz. Masotha ubuye wabonga uDr. M. Marivate, Mnuz. K. E. Masinga, Motala Education and Charity Trust, uMnuz. Zeph Dhlomo, Mnuz. G. E. Bhengu kanye nawo wonke amafemu ngeminikelo yabo eyenze ukuba lomcimbi uphumelele.

ETHIOPIAN CHURCH OF S.A.

AMALUNGA esiGungu esikhulu i-Executive Church Council kanye ne-Cabinet alelfBandla le-Ethiopian Church of S.A., azoba nomhlangano omkhulu ozokuba ekomkhulu iHeadquarters e-Orlando ngolwesiHlanu lomhlaka September 22, kusukela ngo 10 ekuseni.

Kuyobe kwenziwa amalungiselelo omhlangano omkhulu i-Annual Supreme Conference ezohlala ngoDecember, eQueenstown.

Umhlangano uyohlala izinsuku ezintathu, kuthi ngomhlaka September 23, kulungiswe ushintsho lwabefundisi kusukela ngonyaka ozayo.

Ngosuku lomhlaka September 24, kuyovulwa kubekwe itshe endlini entsha yesonto ePimville. Kucelwa iminikelo kuwona wonke amalunga eBandla.

Ngokusho kukaRt. Rev. J. G. Malapi, iPresident General, okunguyena oyophatha inkonzo, lesimemelo siqondiswe kakhulukazi kumaDistrict Ministers eBandla.

M. E. BOBAT & CO (PTY) LTD.
78 PRINCE EDWARD ST.
DURBAN. TEL. 62663

HAWKERS,
MAKE MONEY
THE EASY WAY!
FACTORY PRICES
MEN'S POLYESTER' TEXTURISED
TROUSERS
FLARE BOTTOMS INCLUDES GST. 4,99
IMPORTED BEDSPREAD SPECIALISTS!
Buy in small or large quantities

BIG MONEY SAVING SPECIAL OFFERS!

★ THENGA MANJE UKUZE WONGE!

ISTEINBACH ATLANTIC
iRediyo ephathwayo enezwi elliphakeme elizwakala kahle kakhulu ene-F.M. ne SW
R49,50 IDIPHOZI R5 kanye no
R2,50
NGENYANGA
Ukhokha izinyange ezingu 24



UMBHEDE OGOQWAYO
sekuhlangene nomantilasi onesipilingi ngaphakathi
R69,95
Idiphozi R7 Kanye no
R3,50
NGENYANGA
ukhokha izinyanga ezingu 24

IPLAYBOY DELUXE PORTOGRAM
ene FM. SW. iRediyo noma ungadlala amarekhodi akho noma kephi lapho ukhona
R119,95 IDIPHOZI R12 kanye no
R6 NGENYANGA
Ukhokha izinyanga ezingu 24



6-PIECE DININGROOM SUITE YESAPELE
Ngenye eyodwa kwamaningi amaSuites atholakala ngamanani ehlisiwe esitokweni sethu
R159,95 IDIPHOZI R16 kanye no
R8 NGENYANGA
Ukhokha izinyanga ezingu 24.

IWAVY BED
Umbhede opnambili kakhulu onekhanda nemilenze yeSapele sekuhlangene nomantilasi onesipilingi ngaphakathi
R89,95 IDIPHOZI R9 kanye no
R4,50
NGENYANGA
Ukhokha izinyanga ezingu 24

ITEMPEST BONANZA
iRadiogram ediala ngebhetri noma ngogesi
R239,95 IDIPHOZI 24 kanye no
R12
Ngenyanga
Ukhokha izinyanga ezingu 24.



ILAURA ROBE
IWodilophu eyigugu kakhulu kuwonke uwonke
R89,95 IDIPHOZI R9 kanye no
R4,50
Ngenyanga
Ukhokha izinyanga ezingu 24.

ISINGER UMSHINI WOKUTHUNGA WESANDLA KUPHELA
R129,95
IDIPHOZI R13
Kanye no
R6,50
NGENYANGA
Ukhokha izinyanga ezingu 24

24 MONTHS TO PAY

LION FURNISHERS
551 WEST ST. DURBAN
TEL: 329470/312529